Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-50 |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**IKUSASA ASILAZI UKUTHI LISIPHATHELENI**

1 Impilo yethu isezandleni zoMdali, nguye owazi konke ngekusasa lethu. Kwaba njalo nakuMafika Khumalo, insizwa yaseNdlende esigodini sakwaNgoza. Umfo kaMntungwa wazalwa efumbethe ithalente lokudlala ibhola lezinyawo. Iphupho lakhe kwakungukuba umdlali ovelele futhi ohlonishwa umhlaba wonke.

2 UMafika waqala ukubonakala esemncane nje ukuthi uzoba umpetha emdlalweni webhola likanobhutshuzwayo. Uyise, uNdoda, wamfunela isikole esasikhuthaza izingane kwezemidlalo. Wangena uMafika eMbayimbayi LP School eneminyaka eyisi-7. Isikole sakhe sasiyibanga elingamakhilomitha ama-3 kodwa **akakugqizanga qakala** lokho ngoba wayezoqala uhambo lwephupho lakhe kwezemidlalo. Endleleni lapho eya nalapho ebuya esikoleni wayehamba ekhahlela ibhola lakhe lesikhumba. Eseqalile kulesi sikole othisha bezemidlalo baqala ukuqaphela ikhono lakhe kwezemidlalo, ikakhulukazi ebholeni likanobhutshuzwayo. Ngenkathi isikole sihlunga abadlali abazongena eqenjini elibalulekile lemidlalo, uMafika wakhethwa kuqala. Abafundi bamqamba igama elithi uBullet ngenxa yamashodi ayewashaya uma efaka amagoli.

3 Impilo kaMafika yashintsha **ngokuphazima kweso** mhla bedlala imiqhudelwano yomkhumulajezi nezikole ezahlukene. Kule midlalo kwakukhona nabaphathi bamaqembu ahlonishwayo ebholeni laseNingizimu Afrika, babezokhetha abafana abancane abazozikhulisela bona emaqenjini abo. Leli kwakuyithuba lokufeza amaphupho akhe kwezemidlalo. Ngomdlalo wokuqala wonke amehlo ayethe njo kuMafika ngendlela ayekhombisa ngayo ikhono lokudlala ibhola. Umdlalo usaqhubeka, kusemnandi kwabonakala ngoMafika egingqika phansi kanti omunye wabadlali abayizimbangi usemkhahlele kabuhlungu emlenzeni wesokunxele. Wayebonakala ukuthi ulimele kakhulu okwenza nokuthi nabosizo lokuqala bamphuthumise esibhedlela ngokushesha.

4 Esibhedlela odokotela bazama ukuhlolisisa lapho elimele khona kodwa **kwanhlanga zimuka nomoya**. Wayekhala ngezinhlungu azizwa ngaphakathi emlenzeni. Kwasiza ukuba anikwe umjovo olalisayo ukuze aphumule ezinhlungwini. Odokotela babedidekile bengayitholi inkinga edala ubuhlungu obungaka ngoba kwakungekho thambo eliphukile. Emva kokucwaningisisa bathola ukuthi umsuka wenkinga udalwa uhlobo lomdlavuza wamathambo obizwa ngokuthi yi-*osteosarcoma*. Kwacaca ukuthi ukulimala kwakhe kwakungekhona okwakudala ubuhlungu emlenzeni kodwa kwasiza ukuveza isifo esasingambulala kunganakiwe. Lezi zindaba zaba buhlungu kakhulu emndenini wakhe nasesikoleni ayefunda kusona. Waqala ukwelashelwa lo mdlavuza ngokwesigaba

Downloaded from Stanmorephysics.com


sokuqala esibizwa nge*chemotherapy* engazange ibe yimpumelelo. Kwadingeka ukuthi odokotela bavumelane nomndeni ukuthi umlenze wakhe unqunywe. Azamukelekanga kahle lezi zindaba kuMafika nomndeni. Uthishomkhulu wesikole sakhe wayemvakashela esibhedlela futhi ekhuthaza nomndeni ukuba usithembe isinqumo sodokotela ukuze kuhlengeke impilo kaMafika. Ngempela uMafika wakwamukela ukunqunywa umlenze. Kusukela lapho wabe esehamba ngezinduku impilo yakhe yonke.

5 UMafika waqala ukubuka impilo ngendlela ehlukile, wazitshela ukuthi angeke avumele lesi simo siqede ngempilo yakhe. Waqhubeka nesikole waze waqeda ibanga le-12. Ngelinye ilanga wamenywa emcimbini womdanso wentsha. Kulo mcimbi wathatheka kakhulu ngesikhathi umfana wangakubo, uBobo, enza ezibukwayo ngemidanso enhlobonhlobo. Wacela uBobo ukuba amfundise ukudansa. Wayezilolonga ubusuku nemini esebenzisa izinduku ahamba ngazo ukwenza imidanso ehlukene. UBobo wamkhuthaza ukuba ajoyine iqembu lomdanso wasemgwaqeni elalizilolonga njalo ngamaSonto. Emncintiswaneni wokuqala owaba khona ehholo lomphakathi, uMafika washiya abantu abaningi bemangele ngenxa yekhono alikhombisa lapho edansa ngomlenze owodwa, eshwibeka ngezinduku. Wabuya nendondo yegolide kulo mncintiswano. Emuva kwalo mncintiswano wathatha isinqumo sokuya ekolishi lokudansa ukuze abe neziqu zokuqeqesha abanye abasesimeni esinjengesakhe.

6 Ukukhuphula izinga kwezomdanso kwavulela uMafika iminyango eminingi. Omunye wosaziwayo kwezomculo nomdanso wacela ukusebenzisana naye kwenye yezingoma zakhe. Kwaba ukuqala kodumo lwakhe-ke lokho, wagcina esevula isikole somdanso emphakathini wangakubo esasimukela nabantu abakhubazekile. Lokhu kwaba yingqophamlando. Maningi amathuba omsebenzi avuleka, isikole sathola nokuxhaswa ngamazwe ahlukene. Saqanjwa ngokuthi iMafika Dance Academy. Ngaphandle kokuphatha lesi sikole, uMafika wayephinde amenywe ezindaweni ezahlukene ukuzonika izinkulumo ezikhuthazayo ukuba umuntu angaphonsi ithawula empilweni uma ehlelwa isimo esicishe sifane nesakhe.

7 Impela ikusasa alaziwa. Akekho owayazi ukuthi uMafika uyogcina esehlonishwa umhlaba wonke.

[Umbhalo wokuziqambela]

1.1.1 Yiliphi ithalente azalwa nalo uMafika? (1)

1.1.2 Bhala OKUBILI okwenza ukuthi uMafika afunde eMbayimbayi LP School? (2)

1.1.3 Wangena kanjani uMafika eqenjini lebhola lesikole? (2)

1.1.4 Yini eyenza ukuthi uMafika abizwe ngoBullet? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.1.5 Sibizwa ngokuthini isifo esasiphethe uMafika? (1)

1.1.6 Yini ekhombisa ukuzwelana nomndeni kaMafika eyenziwa nguthishomkhulu? Nikeza amaphuzu AMABILI. (2)

1.1.7 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Ukungagqizi qakala kuchaza …

A ukungabi nandaba.
B ukungabi nalwazi.
C ukungabi nathemba.
D ukungabi nasibindi. (1)

1.1.8 Tomula umusho ophelele osendabeni ositshela ukuthi nodokotela babengazi ukuthi yini imbangela yobuhlungu ayebuzwa uMafika. (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni.

(a) Impilo kaMafika yashintsha **ngokuphazima kweso**. (2)

(b) Esibhedlela odokotela bazama ukwehlisa izinhlungu kodwa **kwanhlanga zimuka nomoya**. (2)

1.1.10 Chaza ukuthi kwamsiza kanjani uMafika ukungalilahli ithemba ngempilo yakhe. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

1.1.11 Phawula ngesifundo ositholile ngokufunda le ndaba? (2)


1.1.12 Ngokucabanga kwakho kungabe bonke abantu abakhubazekile banalo ithuba lokuphumelela ezimpilweni zabo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

IMBOKODO
*Ikhaya nekusasa lesizwe ....*



| ISITHOMBE SOKU-1 | ISITHOMBE SESI-2 |
|---|---|
|  |  |

[Izithombe zithathwe ku-googlepic, umbhalo wokuziqambela]

1.2.1 Bhala OKUBILI okwenziwa abesifazane uma besemakhaya ngokwesithombe sesi-2. (2)

1.2.2 Yini ekhombisa ukuthi owesifazane osesithombeni soku-1 umangele? Bhala OKUBILI. (2)

1.2.3 Uyavumelana yini nokuthi abantu besifazane bafaniswe nembokodo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA, ubhekise ezithombeni ezingenhla. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

Fundisisa UMBHALO C bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezimbangela zokuqwasha.

**IMIYALELO**

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C (OFUNDWAYO)**

**HAWU, NGAZE NGAQWASHA!**

Ukuqwasha yilapho ubuthongo buphela nya noma bungafiki ngesikhathi okufanele ulale ngaso. Ukuqwasha kuwukuphazamiseka okudalwa izinto ezahlukene. Kuningi okwenza ukuthi umuntu azithole ekulesi simo sokuqwasha.

Kukhona imithi namaphilisi enzelwe ukusiza abantu ukuba balale kahle ebusuku. Imithi namaphilisi akusebenzi ngokufana kumuntu nomuntu. Kwabanye kwenza baphelelwe ubuthongo, kuvuke nezifo ezibaphethe. Ngaleyo ndlela ubuthongo babo buyaphazamiseka.

Isimo somnotho sithinta wonke umuntu. Imali iyinkinga kumuntu ongenayo, onencane noneningi. Kukhona abantu abagcina beqwasha ngenxa yemali, okungaba izikweletu noma ukungazi ukuthi bazoyisebenzisa kanjani.

Abantu bayathanda ukudla kakhulu noma baphuze izinto ezimnandi ngezikhathi zasebusuku. Ukudla neziphuzo ezihlohlozayo nezinoshukela omningi kunika umdlandla bese ubuthongo buphela nya ngesikhathi sokulala, okungenza ukuthi umuntu kuze kuse engalele. Odokotela bathi ushukela ukhuphula umdlandla kumuntu.

Ukulala emini kuba nezinselelo eziningi. Imizimba yakhelwe ukuba iphaphame emini ukuze ibe nesikhathi esikahle sokuphumula ebusuku. Ukulala emini kuphazamisa isigqi sokusebenza komzimba bese ubuthongo buyanqamuka noma buphele ngesikhathi sokulala.

Ebusuku kulindeleke ukuthi kube nokuthula. Ukunyakaza okwenzeka ebusuku nomsindo kuyamphazamisa umuntu olele, agcine esehleli engasakwazi ukulala. Lokhu kungaba umsindo oqhamuka ngaphandle noma ngaphakathi endlini.

Kuthiwa ingqondo nenhliziyo ekhathazekile ayiphumuli. Ingcindezi nokhwantalala kwenza umuntu acabange kakhulu, ubuthongo bungafiki noma bunqamuke kungakasi. Omunye umuntu ugcina esehlaselwa izifo eziningi.

Downloaded from Stanmorephysics.com



Amazwe ngamazwe anezikhathi ezahlukene, kwenye indawo bayavuka kanti kwenye bayalala, njalonjalo. Ukufika ezweni elinesikhathi esihlukile kunalesi osijwayele kuphazamisa isikhathi sakho sokulala bese ugcina ungalele ngesikhathi okulalwa ngaso kulelo zwe.

[Umbhalo osuselwa ocwaningweni wase uyahunyushwa]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3**

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

# ISINKWA ISUTHA

Sesifikile esitolo sangakini!

Thatha ucezu lwesinkwa njalo ekuseni!



Mmm … iSutha, ithambile, imnandi futhi ifreshi!


- Wake walibona ibhulakufesi elingenaso isinkwa?
- Isinkwa siyintandokazi kuyona yonke imindeni.
- Sikugcina unamandla usuku lonke.
- Senza abantwana bakhule behlakaniphile.
- Intengo yaso ilungele ompofu nocebile.
- Usidla nanoma yini.



Thola ucezu lwempilo



***Ungaphuthelwa!***
***Thenga isinkwa esisodwa uthole esinye mahhala!***




**SUTHA NGESUTHA NAMHLANJE!**

[iZithombe ku-googlepic, umbhalo wokuziqambela]

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangiso esingenhla? (1)

3.2 Bhala OKUBILI okwenziwa yilesi sinkwa empilweni yomuntu. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe, echaza uhlobo lomuzwa oqukethwe yilo musho olandelayo.

Mmm … iSutha, ithambile, imnandi futhi ifreshi!

A Wokwesaba
B Wokucasuka
C Wokujabula
D Wosizi (1)

3.4 Bhala ubuningi bamagama abhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo:

(a) Thatha **ucezu** lwesinkwa njalo ekuseni. (1)

(b) Intengo yaso ilungele **ompofu** nocebile. (1)

3.5 Bhala umusho onolimi oluhehayo kulesi sikhangiso. (2)


3.6 Ngokucabanga kwakho kunamuphi umthelela ukusetshenziswa kwezithombe kulesi sikhangiso? (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Umbhalo wokuziqambela,izithombe u-googlepic]

4.1 Yini ekhombisa ukuthi uJuba ucela imali kubantu? (2)

4.2 Ucabanga ukuthi sinjani isimo sezulu ngokwekhathuni? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza umuntu obizwa ngengilosi:

A Onemali eningi.
B Onomusa kwabanye.
C Othenga ukudla.
D Othanda ukupheka. (1)

4.4 Bhala isizathu ESISODWA esenza abantu bagcine sebehlala ezitaladini. (1)

4.5 Chaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile ekhathunini. (2)

4.6 Yikuphi ongakwenza ukuqeda ukwanda kwabantu abahlala ezitaladini uma unikwa ithuba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 5

5.1 Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

> Uthi uyazi ukuthi iwashi libaluleke kanjani? Iwashi aliniki isikhathi kuphela kodwa ungahlobisa ngalo. Abanye abantu balithenga ngoba benemali. Lona lisiza abantu ngokubakhumbuza isikhathi. Esikhathini samanje wonke amaselula nawo aveza isikhathi. Lokhu kwenza amawashi angabe esathengwa kakhulu. UXulu uthengela izingane zakhe amawashi kanokusho. Izingane zakhe zithanda amawashi egolide. Phela onkabi laba bayathanda ukuba onontandakubukwa. Izingane zikaXulu zithi; 'Thina asiwafaki amawashi ayi-*fake*.' Amanye amawashi abo anamabhande ezikhumba zangempela. Umfana mumbe wangena belele wantshontsha wonke amawashi abo. Izigebengu ziyawathanda amawashi abizayo, ziwadayisa kalula.
>
> [Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Guqula lo musho ube inkathi yamanje eqhubekayo.

Abanye abantu balithenga ngoba benemali. (1)

5.1.2 Bhala inhloko yalo musho olandelayo bese uyisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Lona lisiza abantu ngokubakhumbuza isikhathi. (2)

5.1.3 Guqula amagama AMABILI akubakaki abe ondaweni/izandiso zendawo.

(Ikhaya uXulu) banamawashi kanokusho. (2)

5.1.4 Hlobo luni lwesabizwana olukhonjiswa yigama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Esikhathini samanje **wonke** amaselula nawo aveza isikhathi. (1)

5.1.5 Bhala lo musho olandelayo ukhombe ukuphika/ukulandula.

Izingane zakhe zithanda amawashi egolide. (1)

5.1.6 Bhala isinciphiso segama elibhalwe ngokugqamile.

Amanye amawashi abo **anezikhumba** zangempela. (2)

5.1.7 Hlobo luni lwesakhi olubhalwe ngokugqamile kuleli gama elikulo musho olandelayo.

Umfana mu**mbe** wangena belele wantshontsha wonke amawashi abo. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.1.8 Hlanganisa le misho elandelayo ibe umusho OWODWA.

Abantu bayasaba ukugqoka amawashi abizayo.


Izigebengu ziyawathatha amawashi abizayo. (2)

5.1.9 Guqula umusho olandelayo ube inkulumo-mbiko.

Izingane zikaXulu zithi; 'Thina asiwafaki amawashi ayi-*fake*.' (2)

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[Isithombe sicashunwe ku-googlepic, sahlelwa]

5.2.1 Phinda ubhale lo musho olandelayo ulungise amaphutha.

'Gijima, gijima! Nangu uebony efuna ukukudlula.' (2)

5.2.2 Guqula isenzo esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo sibe impambosi yokwenzisisa.

Ngifuna **uwashiye** wonke la mahhashi. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe esho uhlobo lwesifenqo oluqukethwe yilo musho olandelayo.

Abantu bazondiza uma sebewinile.

A Isifaniso
B Isihlonipho
C Isenzasamuntu
D Isenzasasilwane (1)

5.2.4 Chaza ukuthi igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lisho ukuthini.

Phela wena **uyimfivilithi** kulo mjaho. (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NHLABA/NHLANGULANA 2025**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 80**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.**

*Akuvumelekile ukukopisha leli phepha*

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   Isib: 1.1.5 Isibaya/D (okuwuhlamvu oluphelele).

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 1**

1.1 1.1.1 Elokudlala unobhutshuzwayo.√/Elokudlala ibhola lezinyawo. √ (1)

1.1.2
- Kulesi sikole kwakukhuthazwa izingane kwezemidlalo.√ (1)
- Wayezoqala uhambo lwephupho lakhe kwezemidlalo.√ (1)

1.1.3 Wakhethwa emidlalweni yokuhlungela iqembu elalizodlalela isikole.√√ (2)

1.1.4 Wabizwa ngoBullet ngenxa yamashodi ayewashaya uma efaka amagoli.√√ (2)

1.1.5 Umdlavuza wamathambo√/i-osteosarcoma.√ (1)

1.1.6
- Wayevakashela uMafika esibhedlela.√ (1)
- Wayekhuthaza nomndeni ukuba usethembe isinqumo sodokotela.√ (1)

1.1.7 A√/Ukungabi nandaba.√ (1)

1.1.8 Odokotela babedidekile bengayitholi inkinga edala ubuhlungu obungaka ngoba kwakungekho thambo elaliphukile.√√ (2)

1.1.9 (a) Ngokushesha okukhulu.√√ (2)

(b) Alubanga khona ushintsho√√/Kwazifanela√√/ Akwenzekanga lutho.√√ (2)

1.1.10
- Waqhubeka nesikole waze waphothula ibanga le-12.√
- Wathathwa umdanso kaBobo emcimbini wase ecela ukuthi amfundise naye ukudansa.√
- Wajoyina iqembu lomdanso waze wangenela umncintiswano athola kuwona indondo yegolide.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (3)

1.1.11 Izimpendulo ziyokwehluka.

Isibonelo: Kubalulekile ukusebenzisa amathuba avelayo nokuthuthukisa amanye amakhono onawo noma ngabe ukusiphi isimo.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.1.12 Izimpendulo ziyokwehluka.

Abathi banalo:
Isibonelo: Abanye bavele balahle ithemba bangakuboni okunye okungabasiza uma behlangabezana nesimo esinzima empilweni.√√

Abathi abanalo:
Isibonelo: Abanye abalitholi ithuba lokuba nabantu abazobasiza ukuze baphumelele.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.2 1.2.1 OKUBILI kwalokhu:

Banakekela abantwana√/bayapheka√/baya-ayina√/bahlanza indlu√

(Nokunye okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.2.2
- Ukuvula amehlo kakhulu.√
- Ukuneka izandla.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

1.2.3 Izimpendulo ziyokwehluka.

Isibonelo:
Abavumayo:

Yebo, ngoba banamandla amakhulu bakwazi ukwenza izinto eziningi ngesikhathi esisodwa.√√

**NOMA**

Abangavumi:

Cha, ngoba zikhona ezinye izinto abahlulekayo ukuzenza ezidinga ukwenziwa abantu besilisa. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

**Amaphuzu angabhekwa:**

| | AMAPHUZU ACASHUNIWE | | AMAPHUZU AHUNYUSHIWE |
|---|---|---|---|
| 1. | Imithi namaphilisi akusebenzi ngokufana kumuntu nomuntu. Kwabanye kwenza baphelelwe ubuthongo, kuvuke nezifo ezibaphethe. | 1. | Kukhona imithi namaphilisi enza abantu bangalali futhi bagule. |
| 2. | Kukhona abantu abagcina beqwasha ngenxa yemali, okungaba izikweletu noma ukungazi ukuthi bazoyisebenzisa kanjani. | 2. | Izinkinga zemali zenza ukuthi ubuthongo buphele noma bungafiki. |
| 3. | Ukudla neziphuzo ezihlohlozayo nezinoshukela omningi kunika umdlandla bese ubuthongo buphela nya ngesikhathi sokulala, okungenza ukuthi umuntu kuze kuse engalele. | 3. | Ukudla neziphuzo ezinoshukela kakhulu zinika umdlandla owenza kuze kuse umuntu engalele. |
| 4. | Ukulala emini kuphazamisa isigqi sokusebenza komzimba bese ubuthongo buyanqamuka noma buphele ngesikhathi sokulala. | 4. | Ukulala emini kuphazamisa ukusebenza komzimba bese ubuthongo buyaphela ebusuku. |
| 5. | Ukunyakaza okwenzeka ebusuku nomsindo kuyamphazamisa umuntu olele, agcine esehleli engasakwazi ukulala. | 5. | Ukuba khona komsindo nokunyakaza okuthile okwenzeka ngesikhathi kulelwe kuyaphazamisa kuqede ubuthongo. |
| 6. | Ingcindezi nokhwantalala kwenza umuntu acabange kakhulu, ubuthongo bungafiki noma bunqamuke kungakasi. | 6. | Izifo ezifana nengcindezi nokhwantalala zenza umuntu anqanyukelwe ubuthongo. |
| 7. | Ukufika ezweni elinesikhathi esihlukile kunalesi osijwayele kuphazamisa isikhathi sakho sokulala bese ugcina ungalele ngesikhathi okulalwa ngaso kulelo zwe. | 7. | Ukuvakashela ezweni elinesikhathi esingafani neselakho kwenza ungalali ngesikhathi esifanele. |

**Ukumakwa kokufingqa**

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni ngokombuzo.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki**:
  - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
  - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
  - Isamba samamaki-10.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

Downloaded from Stanmorephysics.com


- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwayi-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.
  - Amaphuzu ama-2 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2 olimi.

**QAPHELA:**

- **Ukubalwa Kwamagama:**
  - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
  - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, awuqede angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

**UMBUZO 3**

**Indlela yokumaka ISIQEPHU C**

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
  - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe noma kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
  - Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
  - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.

- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 Isinkwa Isutha.√/Isinkwa.√/Isutha.√ (1)

3.2 OKUBILI kwalokhu:

- Sikugcina unamandla usuku lonke.√/
- Sikunika impilo.√/
- Senza abantwana bakhule behlakaniphile.√/
- Siyakusuthisa.√ (2)

3.3 C√/Wokujabula.√ (1)

3.4 (a) Izingcezu.√ (1)
(b) Abampofu.√ (1)

3.5 Thenga isinkwa esisodwa uthole esinye mahhala.√√/Ungaphuthelwa!√√/ Sutha ngesutha namhlanje.√√ (2)

3.6 Okulindelekile:

- Abathengi bayakwazi ukubona uhlobo lwesinkwa olukhangiswayo.√√/
- Abangakwazi ukufunda izinhlamvu ezibhaliwe bayakwazi nabo ukuthola umyalezo oqukethwe isikhangiso. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 4**

4.1 Ubeke inkomishi/isitsha sokufaka imali phambi kwakhe.√√ (2)

4.2 Kuyabanda.√/kumakhaza.√ (1)
ngoba, bagqoke izimpahla ezifudumalayo (izigqoko ezifudumalayo, izikhafu, amajazi nejakhethi).√ (1)

4.3 B√/Onomusa kwabanye.√ (1)

4.4 OKUKODWA kwalokhu:

- Ukudla kakhulu izidakamizwa.√/
- Izinkinga eziba semindenini.√/
- Ukungasebenzi/ukungawutholi umsebenzi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (1)

4.5 Sekuzoba ngcono.√√/Sekuzolunga.√√ (2)

4.6 Izimpendulo ziyokwehluka.

OKUBILI kwalokhu:
- Ukwakha amathuba emisebenzi.√/
- Ukulwa nokusatshalaliswa kwezidakamizwa notshwala.√/
- Ukuvula izindawo ezisiza abantu abanokhwantalala.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5.1 | 5.1.1 | Ba**ya**lithenga.√/Ba**sa**lithenga.√ | (1) |
| | 5.1.2 | **Lona**.√ | (1) |
| | | Lona lidlalwa abafana kakhulu.√<br>(Imisho iyokwehluka) | (1) |
| | 5.1.3 | **E**khaya√ **kwa**Xulu.√ | (2) |
| | 5.1.4 | Isabizwana sokubala/senani.√ | (1) |
| | 5.1.5 | **Aziwa**thand**i.**√/**Azi**thand**i.**√ | (1) |
| | 5.1.6 | Anezikhu**njana**.√√ | (2) |
| | 5.1.7 | Isiqu senani√/Isiqu.√ | (1) |
| | 5.1.8 | Abantu bayasaba ukugqoka amawashi abizayo **ngoba** izigebengu ziyawathatha.√√ | (2) |
| | 5.1.9 | Izingane zikaXulu zithi **zona**√ **azi**wafaki√ amawashi ayi-*fake*. | (2) |
| 5.2 | 5.2.1 | Gijima, gijima! Nangu u**-**√**E**√bony efuna ukukudlula. | (2) |
| | 5.2.2 | Uwashiyi**sise**.√ | (1) |
| | 5.2.3 | D√/Isenzasasilwane.√ | (1) |
| | 5.2.4 | Ihhashi elithandwa/elifakelwa kakhulu emjahweni.√√ | (2)<br>**[20]** |

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**